UMKHULEKO WOKUBONGA OKUNGCWELE WENKATHI YENDALO

Inkosi inani
Inkosi Futhi

Yenyusani izinhliziyo zenu
Sizenyusela eNkosini

Asiyibonge iNkosi uNkulunkulu wethu, wendalo yonke
Ifanele ukubonga nokudunyiswa

Wakhuluma iZwi kwathi konke okuseZulwini nokusemhlabeni,nazozonke izinto,kwabakhona.
uMoya wakho wawuphezu kwezinto-ngqangi ezinzulu waletha futhi ukuphila ngezindlela eziningi ngokungenakubalwa,okuhlanganisa nalo mhlaba wethu obuthakathaka,nathi siphakathi kwakho konke okuphilayo kuwo.

Njengoba inkathi yethu edlule ikuwe,kanjalo ithemba lethu lamgomuso lihlezi kuwe. Njengoba siphambukile endleleni yakho,kanjalo futhi siphendukela emfudumalweni yothando lwakho. Ngawe zonke izinto zizuza ukuphila okusha.

Manjeke sikunika ukubonga ngokucwazicwazi bendalo yakho oyibeke kithi ukuba siyinakekele,nangamathuba esifanele ukwabela ngawo leyo ngcebo kanye nabo bonke abantu bakho.

Ngakho-ke ngezimangaliso zendalo namgamaculo endumiso ezidalwa zonke eZulwini nasemhlabeni siyakudumisa manje naphakade sithi:

UNgcwele uNgcwele……..

Ngobusuku uJesu akhaselwa ngabo,wathatha isinkwa, umsebenzi wezandla zabantu, isipho somhlaba wethu, wabe esbonga uNkulunkulu. Wahlephula isinkwa ukuze akhulume kithi ngokuhleshulwa komzimba wakhe esiphambanweni. Wasinika abangani bakhe ethi:

“Thathani nidle ngokuba ngumzimba wami lo onikelelwa ngenxa yenu. Yenzani lokhu ningikhumbule”

Wathatha iwayini,umsebenzi wezandla zabantu isipho somhlaba, wabonga uNkulunkulu uMdali.
Wathulula iwayini ekhuluma kithi ngokuthululwa kwegazi lakhe. Wabanika abangani bakhe ethi:

“Leli yigazi lami lesivumelwano esisha,elophiswa ngenxa yenu kanye nendalo yonke ukuba kuthethelelwe izono. Nanini lapho niliphuza ningikhumbule”

Ngakhoke simemezela imfihlakalo yokukholwa sithi:

U Kristu wafa
U Kristu uvukile
U Kristu uyophinde afike futhi

Ngakhokhe Nkulunkulu,thina esifuna ukubuyisana kwakho; thina esidinga ukubuyisana omunye nomunye, thina esithembela ekubuyisaneni nendalo yonke,sisondela eduze kwale mfihlakalo.

Ngokuhleshulwa,ngokuphalala kanye nokungcwatshwa, impilo yavumbuka futhi. Ekuhlephuleni, kukhona ukuvuleka; ekuphalaleni kukhona izimpande zokwabelana; ekufeni nasekungcwatshweni kukhona imbewu yempilo entsha ezayo.

Uma sibuka emhlabeni wethu, ezimpilweni zethu kanye nasezinhliziyweni zethu, sibheka ukubuya kwakhe kwesibili, sigcine sisondelene nalo mbono esiwubonileyo. Ngokusinika isinkwa newayini, udala ukubuyisana phakathi kwethu nomhlaba, siphe ubunye obungcezungcezu, nobunye obuchithekileyo,nokuvuka kobekungcwatshiwe, esingabuyisela ngakho indalo yakho bese kupheleliswa intando yakho.

Thumela phezu kwethu naphezu kwendalo yakho yonke, uMoya oletha ukuphila nowuqala ukusibekela utwa lwamanzi.

Shukumisa kithi okudalayo, uhlenge okubhubhisayo. Sihlanganise nawe ngomzimba negazi lendodana yakho, iliZwi lakho elaba inyama njengoba izwi lakho seliyenzile inyama.

Okwathi ngaye, nangaye, nakuye, ebunyeni buka Moya wakho odalayo, nacho konke okubekhona, nokukhona, nalokho okuyoba khona endalweni yakho yonke, simi phambi kwakho sikudumisa, Nkulunkulu wakho konke, ngamahubo endumiso yaphakade.

Singesakho isibusiso nodumo, nenkazimulo namandla phakade naphakade. Amen

Baba wethu oseZulwini…….

Isibusiso sokuphetha

Hambani ngokuthokoza niye emhlabeni, nihlangane noMdali olindele ukuhlangana nani lapho; nithokoze ingcebo yawo nokwahlukana bese niphila njengalabo abadumisa uNkulunkulu ngenxa yezinzuzelo; nesibusiso sika Nkulunkulu uMdali, uBaba waphakade, indodana evukileyo kanye noMoya ongcwele othenjisiweyo anibusise ukuba nibe yisibusiso kwabanye namhlanje nangezikhathi zonke.

AMEN.